# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *15/2014 Intshumayelo ngesonto elithiwa Septuagesime, ngomhla ka 16. 02. 2014*

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.**

1. Iculo 97/89

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, sisondela phambi kobuso bakho nanamuhla ukuzwa izwi lakho. Nkosi, akuthi-ke sisezakulizwa izwi lakho, usiphe uMoya wakho oNgcwele ukuba singangabazi ngensindiso oyilungisele abantu bonke, bezizwe zonke ngeNdodnana yakho uJesu Kristu. Moya oNgcwele, siqinise njalo ekukholweni, size sifunyelele ekuphileni okuphakade ngaye uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 kwabaseKorinte 9:24-27;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 20:1-16a.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 278/137

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Iphistola** ngohlelo lwesithupha lilotshiwe kwabaseRoma 9:14-24, lithi: "Ngakho siyakuthini na? Kukhona yini ukungalungi kuNkulunkulu na? Qha nakanye. Ngokuba kuMose uthi: 'Ngizakumhawukela engimhawukelayo, ngimzwele engimzwelayo.' Ngakho-ke akuyi ngentando nangokuzikhathaza komuntu, kodwa kuya ngokuhawukela kukaNkulunkulu. Ngokuba umbhalo uthi kuFaro: 'Ngakuphakhamisela khona lokhu ukuba ngibonakalise amandla ami kuwe nokuba igama lami lishunyayelwe emhlabeni wonke.' Ngakho uhawukela lowo athanda ukumhawukela, umenza lukhuni lowo athanda ukumenza lukhuni. Usuzakuthi kimi: 'Usasolelani yena na? Ngokuba ngubani ongamelana nentando yakhe na?' O, wena muntu! Ungubani-ke wena ophikisana noNkulunkulu na? Okubunjiweyo kungasho yini kowakubumbayo ukuthi: 'Wangenzelani ngaba njena na?' Nokuba akanamandla yini umbumbi ebumbeni ukwenza ngesigaxa sisinye isitsha esinye esihloniphekayo nesinye esingahloniphekiyo na? Uma, pho, uNkulunkulu,ethanda ukubonakalisa ulaka nokuveza amandla akhe, wathwala ngokubekezela okukhulu izitsha zolaka ezilungiselwe ukubhujiswa

ukuba abonakalise ingcebo yenkazimulo yakhe ezitsheni zomusa ayezilungisele inkazimulo ngaphambili, thina asibizayo nathi, kungesikho kubaJuda kuphela kodwa nakwabezizwe?" Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, isonto lanamuhla libizwa ngokuthi Septuagesime, okusho izinsuku ezingamashumi ayisikhombisa (70) phambi kwePhasika. Yebo, bandla, lokhu kusho ukuthi sesiyasondela esikhathini seNzilo, lapho sikhumbula khona ukuhlupheka okunzima, nokufa okwesabekayho kweNkosi yethu uJesu Kristu. Bandla, uJesu owazalwe eBethlehema, nowahlushwa wafa, wavuka, lomsembenzi omkhlu kangaka, akazenzelang yena, kodwa wawenzela isintu sonke ukuba sisindiswe. Yebo, wawenzela izizwe zonke, noma abakwaIsrayeli, noma bengabezinye izizwe, abaJuda, noma amaGreki, abansundu nabamhlophe, wawenzela thina sonke.

Bandla, ngakho-ke akungabikho muntu ozikhiphayo kulensindiso ngokusho ukuthi uNkulunkulu wakhetha isizwe esithile walungisela sona sodwa insindiso, ezinye izizwe uzikhethele ukulahlwa. Izwi lentshumayelo yanamuhla lithi uNkulunkulu "wathwala ngokubekezela okukhulu izitsha zolaka ezilungiselwe ukubhujiswa." Akushiwo ukuthi lezitsha zolaka zalungiselwe ukubhujiswa ngubani. Ngamazwi amanye eBhayibheli kukhanya ukuthi Kwakungesiye uNkulunkulu owazilungisela ukubhujiswa lezitsha zolaka, ngokuba uNkulunkulu uyathanda ukuba bonke abantu basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso. Kodwa uNkulunkulu akacindezeli umuntu ukuba amukele insindiso ayilungiselwe ngokufa nokuvuka kukaKristu, yona ilungiselwe bonke abantu bezizwe zonke bezikhathi zonke, kodwa kukhona abaningi abangafuni ukwamukela isimemo esimema sonke ukuba sithethelelwe izono egameni likaKristu ngokukholwa nguye. Kusho ukuthi baya ekubhujisweni ngenxa yokwala kwabo, ngenxa yesono sabo. Kodwa ngalabo abasindiswayo siyezwa ukuthi uNkulunkulu wabonakalisa ingcebo yenkazimulo yakhe ezitsheni somusa ayezilungisele inkazimulo ngaphamabili.

1. Yingakho-ke amazwi entshumayelo yethu yanamuhla ebuza lombuzo othi: "Ngakho siyakuthini na? Kukhona yini ukungalungi kuNkulunkulu na? Impendulo ithi: "Qha, nakanye!"

Bathandekayo eNkosini, sithini na? Kukhona yini ukungalungi kuNkulunkulu na? Nathi asiphendule lombuzo njengokusho kwamazwi entshumayelo yethu yanamuhla, sithi: Qha, nakanye! Bandla, kuyiqiniso akukho nakanye ukungalungi kuNkulunkulu. Kuye uNkulunkulu kukhona ukulunga kuphela. Yebo, kuye uNkulunkulu kukhona ukulunga okupheleleyo.

Bandla, ake sikhumbule ekuqaleni uNkulunkulu edala izulu nomhlaba, nakho konke okukhona, izwi lithi: UNkulunkulu wabona konke akudalilao, bheka kwakukuhle kakhulu, Gen. 1:31.

Bathandekayo, kunjalo, kuNkulunkulu akukho ukungalungi nakanye. UNkulunkulu akabheki ubuso bomuntu, akakhethi isizwe esithile ngobhandlululo, akafuni ukufa komuntu, uyathanda ukuba bonke basindiswe, 1Thim. 2:4; 2 Petr. 3:9; Hez. 33:11. Nokho kuyadingeka ukuba kukhanye ukuthi njengokusho kwamazwi amaningi emiBhalweni kuyafundiswa ngokukhanya okukhulu ukuthi abasindiswayo bakhethelwe ukusindiswa, Rom. 8:28-30; Ef. 1:3-5; 2 Thes. 2:13; 2 Thim. 1:9, ukuba ukusindiswa kwethu kuqiniswe ukuthi kwenzeke ngomusa kaNkulunkulu kuphela, Rom. 11:4-6. Kodwa akulotshwanga emiBhalweni ukuthi uNkulunkulu wakhethela abanye ukubujiswa njengokushiwo kwesidukiso samaKerike alandela uCalvin, qha, uNkulunkulu akanjalo ukuba akhethele abanye ukubhujiswa. Izwi lithi: Uyathanda ukuba bonke basindiswe. Yingakho umphostoli uPawulu edumisa uNkulunkulu ngenxa yensindiso asenzela yona ngoKristu, thina sonke esikholwayo nguKristu, ethi: Makabongwe uNkulunkulu, uYise weNkosi yethu uJesu Kristu osibusisile ezulwini kuKristu ngesibusiso sonke sokoMoya, njengalokhu asikhethela kuye ngothando ngaphambi kokusekelwa kwezwe ukuba sibe ngcwele singabi nakusolwa phambi kwakhe. Wasimisela ngaphambili ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokho kwaba kuhle kuye ngentando yakhe, ukuze kutuswe inkazimulo yomusa wakhe asiphe wona ngesihle ngaye oThandiweyo, Ef. 1:3-6. Kunjalo bandla, akukho ukungalungi kuNkulunkulu, yena uthanda ukuba bonke abantu basindiswe, bafinyelele ekulazini iqiniso, 1 Thim. 2:4. UNkulunkulu uthi: Kuphila kwami, isho iNkosi uJehova, angithokozi ngokufa komubi; kuphela ngokubuya kwamubi endleleni yakhe, aze a phile, Hez. 33:11.

Yebo, kuqinisile, uNkulunkulu uyathanda ukuba bonke abantu basindiswe, nawe, nami. Osindiswayo uyasindiswa ngomusa kaNkulunkulu, nolahlwayo uyalahlwa ngenxa yecala lakhe. Akekho okhethelwe ukulahlwa, noma ukubujiswa. Makukhunjulwe ukuthi abathunyelwe ekulahlweni bayathunyelwa endaweni elungiselwe oSathane nezingelosi zakhe, Math. 25:41, engalungiselwanga abantu, bathunyelwa kuyo lendawo ngenxa yezeqo zabo, abamukelwayo ezulwini basidla ifa lombuso abawulungiselweyo selokhu kwasekelwa umhlaba, Math. 15:34.

2. Ngakho-ke ake siphinde sizibuze lombuzo othi: **Ngakho siyakuthini na? Kukhona yini ukungalungi kuNkulunkulu na? Impendulo ithi: Qha, nakanye!** Bathandekayo, izwi liyaqhubeka lithi: Ngokuba uMose uthi: Ngizakumhawukela engimhawukelayo, ngimzwele engimzwelayo. Nakho-ke akuyi ngentando nangokuzikhathaza komuntu, kodwa kuyangokuhawukela kukaNkulunkulu, Ngakho uhawukela lowo athanda ukumhawukela, umenza lukhuni lowo athanda ukumenza lukhuni.

Bandla, nalapha singazibuza ukuthi kukhona yini ukungalungi kuNkulunkulu, na? Qha, nakanye, uNkulunkulu uhlala elungile njalo. Bafowethu, kukhona abathi: Akumelwe bazihluphe, bazikhathaze ngokuzwa izwi likaNkulunklulu, nangokukholwa nguJesu nengoMsindisi wabo. Bathi: Akuyi ngokuzikhathaza komuntu, kuyangokuhawukela kukaNkulunkulu, bathi: UNkulunkulu uzwela lowo athanda ukumzwela, uhawukela lowo athanda ukumhawukela, bathi: Uma bengaphenduki, bakholwe, icala alikho kubo, lingelikaNkulunkulu, nguye oyenze yabalukhuni inhliziyo yabo. Kunjalo na? Bafowethu, qha, akunjalo akukho ukungalungi kuNkulunkulu. Akenzi okubi. Uyabenza lukhuni ngokubajezisa ngokulunga kwakhe, ngenxa yokuthi babemdelela uNkulunkulu nesimemo sakhe esibabizela ekuphendukeni nasekuthethelelweni izono zabo, kodwa babengalaleli izwi lakhe, abakholwa, abaphenduki, abakhaleli izono zabo, abangathembi intethelelo yezono abalungiselwe yona ngokufa kukaJesu esiphambanweni. Okusho ukuthi kuyaphindwa iqiniso elithi: Abazolahlwa, bazobhijiswa ngenxa yecala labo. Mabangabeki icala labo kuNkulunkulu, ngoba yena uthanda ukuba bonke abantu basindiswe ngomusa ngokukholwa nguJesu Kristu.

Labo ababeka icala labo kuNkulunkulu ngenxa yokungakholwa kwabo bangabokhalelwa njengalokhu uJesu akhalela iJerusalema ngenxa yokungaphenduki kwabo, uthi: Jerusalema, Jerusalema wena obulala abaprofethi nokhanda ngamatshe abathunyelwe kuwe, kukangaki ngithanda ukubuthela ndawonye abantwana bakho, njengesikhukhukazi sibuthela amazinyane aso phansi kwamaphiko aso, kepha anivumanga, Math. 23:37. Kunjalo bayalahlwa ngenxa yecala labo, ngoba abavumanga.

3.Ngakho-ke, ake siphinda sizibuze umbuzo wokugcina, othi: **Ngakho siyakuthini na? Kukhona ukungalungi kuNkulunkulu na? Ake siqinise impendulo kulombuzo ngamazwi okugcina ezwi lentshumayelo yanamuhla, sithi: Qha, nakanye!** Bathandekayo eNkosini, ngoba amazwi okugcina kuyo intshumayelo yethu yanamuhla athi: "Usuzakuthi kimi: 'Usasolelani yena na? Ngokuba ngubani ongamelana nentando yakhe na?'

O, wena muntu! Ungubani-ke wena ophikisana noNkulunkulu na? Okubunjiweyo kungasho yini kowakubumbayo ukuthi: 'Wangenzelani ngaba njena na?' Nokuba akanamandla yini umbumbi ebumbeni ukwenza ngesigaxa sisinye isitsha esinye esihloniphekayo nesinye esingahloniphekiyo na? Uma, pho, uNkulunkulu,ethanda ukubonakalisa ulaka nokuveza amandla akhe, wathwala ngokubekezela okukhulu izitsha zolaka ezilungiselwe ukubhujiswa ukuba abonakalise ingcebo yenkazimulo yakhe ezitsheni zomusa ayezilungisele inkazimulo ngaphambili, thina asibizayo nathi, kungesikho kubaJuda kuphela kodwa nakwabezizwe?"

Bandla, impela akukho ukungalungi kuNkulunkulu, qha nakanye, uNkulunkulu owasidala, wasidala ngegazi linye sonke, noma singaba ngabasiphi isizwe, noma singaba ngabaliphi ibala, futhi uNkulunkulu wasilungisela sonke indlela eyodwa yokusindiswa, ngeNdodana yakhe eyodwa uJesu Kristu ngokufa kwayo esiphambanweni. Ngakho-ke bathandekayo, asingamsoli uNkulunkulu ngakwenzayo, thina sifana nebumba nje, asinamandla okusho kumbumbi wethu ukuthi wangenzelani ngaba njena na? Kulendawo siqaphelisise impela ukuqonda umahluko phakathi kwezitsha zolaka, nezitsha zenkazimulo. Ezolaka zalungiselwa ukubhujiswa, kodwa akuphawula ukuthi zalungiselwa ukubhujiswa ngubani. Ngezitsha zenkazimulo siyatshelwa ukuthi zalungiselwa nguNkulunkulu. Kuyaqiniswa kanjalo okwashiwo ngaphambili kulentshumayelo ukuthi izitsha zolaka zalungiswa ukubhujiswa ngenxa yamacala azo, ngenxa yokungamukeli intethelelo yezono zazo, babedelela umusa kaNkulunkulu. Ngaphezu kwalendelelo babemelana kabi nentando kaNkulunkulu ngemikhuba yabo emibi.

Bathanedekayo, uNkulunkulu uyasithwala sonke ngokubekezela. Yebo, nalabo abangafuni ukulalela izwi lakhe, abangakholwa, uyababekezelela efuna ukuba baphenduke, bakholwe, basindiswe nabo. Yebo, nalabo abalilalelayo izwi lakhe, bakholwe uyabaphatha ngomusa wakhe, ngoba esithanda sonke. UNkulunkulu uBaba wethu osezulwini akasisize thina sonke, esesilizwile izwi lakhe asiphe uMoya wakhe oNgcwele ukuba sihlale njalo sizibuza lombuzo othi: Ngakho siyakuthini na? Kukhona yini ukungalungi kuNkulunkulu na? Siphendule sithi: Qha, nakanye, kuNkulunkulu kukhona ukulunga kuphela, ukulunga ajezisa abamdelelayo ngakho okungulunga komthetho wakhe, nokulunga kwakhe athanda ngakho ukuba abantu bonke bezizwe zonke basindiswe, bathethelelwe izono ngegazi leNdodana yakhe eyodwa uJesu Kristu, ongukulung kwevangeli lakhe. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu onomusa, siyabonga, sibonga izwi lakho elingcwele esesilizwile nanamuhla. Nkosi, siphe uMOya wakho oNgcwele ukuba asihole, sivume

ukuthi akukho ukungalungi kuwe, nakanye, wasikhethela ukusindiswa ngomusa ngokukholwa nguJesu Kristu, thina esikholwa nguwe, noma singabasiphi isizwe. Nkosi, siphe ukuba sibambelele kuleliqiniso, size sifinyelele ekuphileni okuphakade ngaye uJesu Kristu, iNkdodana yakho eyodwa, yona eyafa, yabuye yavuka, ehlala njalo iyiNkosi noMsindisi wethu sonke. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 280/186

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu  Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2013 ngu-.F. J. Mtshali

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.